## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.
4. Dwebela umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ukwabiwa kwesikhathi okuncomekayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | imizuzu engama-40 |

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (Okufundwayo)**

### HALALA ZAKES!

1 Abantu abaningi asebephumelele empilweni baqala bengenalutho. Impilo yabo isesicongweni ngenxa yogqozi (courage) abaluthola ngezindlela ezahlukene njengokufunda ngemilando yabantu asebephumelele, ukulalela izinkulumo ezakhayo nokusebenza ngokuzimisela. Konke lokhu kuholela empumelelweni. Amaphupho abanye abantu okuba namabhizinisi ayaphumelela kodwa amanye awaphumeleli. Lokho akusho ukuthi bayizehluleki ukuthi kusuke kungakabi okwabo nesikhathi sabo sisuke singakafiki.

2 Kukhona abantu abaqala kancane benganakile kanti bazogcina nabo bephumelela. UZakhele Mthethwa wakhulela eNanda okuyindawo enabantu abaningi futhi ephithizelayo. OkaNyambose uthi wayengazi ukuthi uzokwenzani ngenkathi eqeda umatikuletsheni ngoba ekhaya babengenayo imali yokuthi aye ezikhungweni zemfundo ephakeme. Wathola itoho ehhotela elisedolobheni ngezimpelasonto. Ehhotela wayesebenza ekhishini esiza ushefu uGarreth Du Boi ngokumqobela uma elungiselela ukupheka. Kuningi akufunda ngokubuka uma uGarreth ephendula izimbiza.

3 Ngelinye ilanga eya etohweni wathola iflaya eyayifuna abantu abazolekelela esaluni phakathi nesonto. **Akapholisanga maseko** wanikela khona. Lokhu kwamenza waba namatoho amabili. Nakhona esaluni wafunda ukwenza izinto eziningi eziphathelene nokwenziwa kwezinwele. Imali ayeyithola kula matoho akhe wayeyibeka ebhange enye alekelele ekhaya. Wayesebenza ngokuzimisela nangokuthembeka. Amakhasimende ayemnika ama-tip uma eqeda ukuwagunda izinwele.

4 UZakhele wayenephupho lokuba nebhizinisi lakhe kodwa engazi ukuthi uzokwenzani. UGarreth yena wayenalo ibhizinisi eceleni lokuphekELa imicimbi emikhulu. Ngezinye izikhathi uGarreth wayecela uZakhele ukuba azomsiza ebhizinisini lakhe eliseceleni lokuphekela imicimbi emikhulu. Wakwenza lokhu izimpelasonto eziningana. Ngelinye ilanga wathi uma efika ekhaya wahlala phansi **wadla amathambo engqondo**. Wathatha isinqumo sokuthi naye uzozivulela elakhe ibhizinisi. Phela kuningi ayesekufundile kuGarreth. Okunye akufunda indlela ezinye izinhlanga ezazimphatha kabi ngayo ngenxa yebala lakhe.

5 Akuphelanga sikhathi wazama ukuqala kancane kancane ukuthenga azokudinga uma eqala ibhizinisi lakhe. Waqala ngokuphekela abantu uma benemishado, imingcwabo, nokunye. Abantu bawuthanda umsebenzi wakhe kanti nokudla ayekupheka kwakuhamba phambili. Ehhotela laphela itoho lakhe ngoba wayebuye angafiki emsebenzini. Zonke izinsuku wayevuka **kusempondo zankomo** enze amasemeshi namabhabhega azowadayisa esaluni. Wayedayisela asebenza nabo kanye namakhasimende. Ngokuhamba kwesikhathi kwathenga nabanye abavela kwamanye amabhizinisi aseduze nesaluni. Lokhu kwamenza ukuthi acele abafowabo ababili ukuba bamlekelele. Wayebaholela ukuze nabo babe nomdlandla wokusebenza. Ibhizinisi ladlondlobala, emva kweminyaka emibili wayeka esaluni. Umndeni wonke wakwaNyambose wagcina ususebenzela uZakhele. Babewenza ngokubambisana umsebenzi kanti lonke ilungu lomndeni lalizibekela imali yalo. Izingane zakubo zakwazi ukuqhubeka nokufundela imisebenzi eziyithandayo emanyuvesi ngaphandle kukadadewabo uFikile owangaqedanga esikoleni.

6 Manje uZakhele usevule ubhazabhaza wendawo yokudla eduze kwendawo yamabhanoyi iKing Shaka Airport. Le ndawo wayiqamba ngokuthi 'Iphupho likaZakes.' Idayisa ukudla kwazo zonke izinhlanga. Kukhona neziphuzo ezinhlobonhlobo. Akekho umuntu ongasitholi isiphuzo asithandayo uma esifuna noma ngabe esaluphi uhlobo. Osaziwayo abaningi bazikhiphela khona uma befuna okuya ngasethunjini okwehla esiphundu. Endaweni yakubo eNanda wavula indawo yokuqeqesha abafuna ukwenza amabhizinisi okuphekela nokuhlobisa imicimbi ehlukene. Abantu bakule ndawo bayamhlonipha futhi bayamseka ngoba wasiza intsha ngokuyitholela imsebenzi. Wathengela uFikile indawo yokwenza izinwele.

7 UMnyango wezokuVakasha nezokuNgcebeleka (Department of Travel and Tourism) wayifaka le ndawo ohlwini lwezindawo ezikhonjiswa abantu abavakashele kulesi siFundazwe sase-KZN. Kufika izivakashi ezivela kuwo wonke amazwe omhlaba. Ezokuphepha ziqinisekile ukuze amakhasimende aphephe futhi akhululeke uma ekule ndawo. Abasebenzi bakhe wabayisa endaweni yokuqeqeshelwa ukuphatha nokukhuluma namakhasimende. Umfaniswano wabo muhle uyakuheha usekude. Amakhasimende ayazitika nangomculo opholile odlalwa u-*DJ* Bee wakhona la e-Iphupho likaZakes.

Nawe Ungalifeza iphupho lakho.

*[umbhalo wokuziqambela]*

1.1.1 Yini enika abantu ugqozi olubaholela empumelelweni ngokwasesigabeni sokuqala? Bhala OKUBILI. (2)

1.1.2 Bhala isithakazelo sikaZakhele. (1)

1.1.3 Bhala izindawo EZIMBILI ayesebenza kuzona uZakhele ngenkathi eqeda umatikuletsheni. (2)

1.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe echaza isikhathi esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Zonke izinsuku wayevuka **kusempondo zankomo**.

A Ebusuku kakhulu.

B Ekuseni kakhulu.

C Emini bebade.

D Ntambama kakhulu. (1)

1.1.5 Bhala izizathu EZIMBILI ezazenza uZakhele angayi etohweni lakhe lasehhotela ngezinye izimpelasonto. (2)

1.1.6 Kungani uZakhele avulela uFikile ibhizinisi? (2)

1.1.7 Tomula umusho ophelele osendabeni ositshela ukuthi e-Iphupho likaZakes buyatholakala utshwala. (2)

1.1.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe endabeni:

(a) **akapholisanga maseko** (2)
(b) **wadla amathambo engqondo**, (2)

1.1.9 Bhala amasu AMABILI uZakhele awenza ukuze amakhasimende athole isevisi (service) enhle. (2)

1.1.10 Bhala la magama abhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo ngolimi olujwayelekile:

Osaziwayo **bazikhiphela** khona uma befuna **okuya ngasethunjini** (2)

1.1.11 Kungabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uZakhele waba isitha sokucwaswa ngokobuzwe. Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.1.12 Yisiphi isifundo ositholile ngokufunda le ndaba? (2)

1.2 Bukisisa **UMBHALO B** bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**




[Zicashunwe ku-inthanethi]

| | | |
|---|---|---|
| 1.2.1 | Bhala okwenzeka esithombeni sesi-2. | (1) |
| 1.2.2 | Yini ekhombisa ukuthi isithombe se-4 sithathwe kulezi zikhathi zamanje? | (1) |
| 1.2.3 | Qhathanisa okwenzeka esithombeni soku-1 kanye nesithombe sesi-3. | (2) |
| 1.2.4 | Ngokucabanga kwakho yibuphi ubungozi obungehlela abasesithombeni 3 uma behamba nezingane ezincane. Sekela impendulo yakho. | (2) |

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa **UMBHALO C** ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngezimpawu zesifo senhliziyo.

### IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile

### UMBHALO C (OFUNDWAYO)

**IZIMPAWU ZESIFO SENHLIZIYO**

Isifo senhliziyo sesibulale abantu abaningi. Lokhu kudalwa ukungazazi noma ukungaziqapheli izimpawu zalesi sifo. Isifo senhliziyo siyaziveza izimpawu kumuntu ngaphambi kokuthi abe naso kanti nabantu bayafundiswa ngazo.

Abantu abanesifo senhliziyo baba nezinkinga zokuba nenzululwane/isiyezi (dizzeness) esenzeka ngisho kuthiwa badla ukudla okunomsoco. Isiyezi senza umuntu angaboni kahle, yonke into ifane nenkungu. Lokhu kuyingozi ikakhulukazi kubantu abenza imisebenzi ebucayi.

Ezinye izimpawu ziyadida ngoba zifana nezimpawu zokugula okujwayelekile. Kuyenzeka ukuthi ebusuku umuntu uma elele ezwe ukushisa okukhulu, ajuluke abe manzi te sengathi uqalwa umkhuhlane.

Abanye abantu bezwe ubuhlungu obugwaza esifubeni. Lobu buhlungu buyafika budlule umuntu azizwe esengcono kakhulu angabe esaya kothola usizo kodokotela. Nalabo abazivocavocayo imisipha ivele iqine bese bephelelwa amandla.

Ubuthongo buyaphela kwabanye abantu isikhathi eside nakuba ingekho inkinga ababhekene nayo. Indlela umuntu ajwayela ukulala ngayo iyashintsha. Isisu siba nenkinga sengathi ukudla akugayekile kahle futhi siqumbe.

Kukhona abantu abezizwa sengathi banqanyukelwa ukuphefumula njengomuntu oguliswa isifuba somoya. Omunye umuntu uze afune isifutho sesifuba somoya ukuze athole ukuphefumula. Lokhu kusuke kusho khona ukuthi sisuke sesikezungeza.

Iningi lalezi zimpawu zivamise ukuvela ngaphambi kwezinyangana nje. Okubalulekile ukuthi asikhethi minyaka nokuthi uzivocavoca kangakanani. Kufanele siye kodokotele uma kukhona okusolayo emzimbeni wakho.

[umbhalo osuselwa ocwaningweni]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

## UMBUZO 3

Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)




FIKA MANJE UZOZIVOCAVOCA!

IJIMU ELUNGELE UWONKE WONKE!
Umzimba wakho uthola impilo enamandla afanele.

ePowerHouse Gym uphuma usunesisu sengathi umnyovu

**R150 NGESONTO**
**amakilasi angama-25**

**R250 NGENYANGA**
**amakilasi angama-80**

**R500 IZNYANGA EZIYI-6**

**R2500 IZINYANGA EZINGA-24**

Amakilasi akwenza ungasondeli kudokotela ngoba uhlala ungumqemane.

**Wonke amakilasi aqala ekuseni**
**Kuvalwa ngehora lesi-8 ebusuku zonke izinsuku**
**Uma ufika nabangani ababili uthole isaphulelo sika-15%**



26 Westbloomfiels Bulding, Ballito, KZN, 032-500 9711

*[umbhalo wokuziqambela, izithombe googlepic]*

3.1 Bhala OKUBILI okuvezwa izithombe ongakwenza ePower House Gym. Bhala ngolimi lwesiZulu (2)

3.2 Bhala le akronimi elandelayo ngokugcwele:

KZN (2)

3.3 Kungani kulesi sikhangiso kufakwe nezithombe? Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)

(1)

3.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe esho uhlobo lwesifengqo walo musho olandelayo:

Uphuma usunesisu sengathi umnyovu.

A Isingathekiso.

B Isifaniso.

C Isenzasasilwane.

D Isihlonipho. (1)

3.5 Tomula umusho onolimi oluphoqayo kulesi sikhangisi esingenhla. (2)


3.6 Yiliphi ikilasi ongalikhetha kule jimu? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**[10]**

## UMBUZO 4

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMBHALO E (Ofundwayo nobukwayo)




[Umbhalo wokuziqambela, izithhombe www.googlepics.com]

4.1 Benzani oMphemba noVusi ekhathunini engenhla? (2)

4.2 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe ubhale uhlobo lwesichasiso waleli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Kwaze kwakuhle myeni **wami**.

A Isiphawulo.

B Isibaluli.

C Ongumnini.

D Inani. (1)

4.3 Lesi sithombe sathathwa ngesikhathi sasebusuku. VUMELA noma UPHIKISE lo mbono. (2)

4.4 Ngokucabanga kwakho, ubani okufanele enze imisebennzi yasekhaya. Sekela impendulo yakho. (2)

4.5 Chaza lesi simo sokukhuluma esilandelayo njengoba sisetshenzisiwe emshweni olandelayo.

Izandla ziyagezana. (2)

4.6 Ukubona kusengumqondo omuhle ukuba umama angasebenzi kepha ubaba asebenze? Sekela umbono wakho. (2)

**[10]**

## UMBUZO 5

5.1 Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela:

**UMBHALO F (Ofundwayo)**

> Impilo inzima, ayizi kalula. Ukuphila kudinga imali nomsebenzi. Umuntu uya emsebenzini ngisho engathandi. Umuntu okwazi ukuzimela uba nenjabulo nenkululeko. Uthola inhlonipho, isithunzi nokuthenjwa. Akufuneki ukuba yimbungulu, funda ukuzimela.
>
> Kukhona abantu abangafuni ukusebenza, abathanda ukondliwa. Uyaye uzwe amantombazane ethi; Mina isoka lami lingifakela imali kuewallet zonke izinyanga. Abanye babiza la masoka abo ngokuthi **izinyoni** ngoba enza yonke into efunwa yibona. Okubi ukuthi mhla kwathi nya abakutholayo bazolamba. Bayoba nenkinga yokungazi ukuthi kufanele baye kuphi uma befuna umsebenzi.
>
> Sebenza ukuze uphile impilo yakho. Vuka ekuseni ugeze, ugqoke ungene indlela!

*[Umbhalo wokuziqambela]*

5.1.1 Bhala lo musho olandelayo ube inkathi yamanje eqhubekayo.

Umuntu uya emsebenzini ngisho engathandi. (1)

5.1.2 Guqula ibizo elibhalwe ngokugqamile libe isabizwana soqobo kulo musho olandelayo bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona.

Ukuphila kudinga **imali** nomsebenzi. (2)

5.1.3 Phinda ubhala lo musho olandelayo ulungise amaphutha:

Amantombazane athi; Mina isoka lami lingifakela imali kuewallet zonke izinyanga. (3)

5.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe usho ukuthi hlobo luni lwendlela yesenzo oluqukethwe yilo musho olandelayo:

Sebenza ukuze uphile impilo yakho.

A Indlela eqondile/eqondisayo

B Indlela encikile/eyamile

C Indlela yamandla

D Indlela yesimo (1)

5.1.5 Tomula isenzukuthi esiqeshini esingenhla bese uyisebenzisa emshweni ozakhele wona. (2)

5.1.6 Hlobo luni lwesandiso leli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Vuka **ekuseni** ugeze, ugqoke uyosebenza! (1)

5.1.7 Sebenzisa ibizo 'inyoni' emshweni ozakhele wona ukuze kuvele umqondo ohlukile kulona osesiqeshini. (2)

5.1.7 Bhala amagama amqondofana nalawa adwetshelwe kule misho elandelayo:

(a) Kukhona **abaneshwa** lokondla abanye abantu. (1)

(b) Uthola **ukujabula** nokukhululeka. (1)

**5.2** Bukisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO G (Ofundwayo nobukwayo)**




*[umbhalo wokuziqambela, isithombe kugooglepic]*

5.2.1 Yini ekhombisa ukuthi uShongololo akafuni ukukhuluma noBusi? (1)

5.2.2 Gcwalisa isikhala ngegama elifanele kulawa owanikiwe

[ isela, ihlo, ilanga]

---------- lixhoshwa libhekile. (1)

5.2.3 Ngabe IQINISO noma UMBONO abesifazane bathanda ukusebenzisa imali yabalingani babo. Sekela impendulo yakho. (2)

5.2.4 Guqula le nkulumo qho ibe inkulumo mbiko.

‘Angeke ngiphinde ngisebenzise ikhadi lakho lemali’ kusho uBusi. (2)

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**